**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKWETHULA UHLELO LOMGWAQO U-P484, EMTUBATUBA, NGOLWESIHLANU, MHLAKA 17 APRIL 2015.**

Mphathi wohlelo;
INkosi yaKwaMpukunyoni;
USihlalo weKomiti lezokuThutha uMnuz Kaunda namalungu eSishayamthetho wonke akhona;
IMeya yesiFunda uMkhanyakude uKhansela uVilane;
AmaKhansela;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo, ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe, uZibambele;
Ubuholi be-KZNCCPA ne-CPF;
Ubuholi bamaphoyisa (SAPS);
Abemboni yezokuthutha umphakathi;
Abasebenzi bemiNyango yonke ekhona lapha;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Njengenjwayelo sithatha leli thuba ukuba sibonge egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, ukuthi singuMnyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi, sizokhuluma lapha eMtubatuba ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakithi ukuba ibe nempilo engcono.

Kuyasijabulisa-ke futhi ukuthi imiphakathi yakithi njengalapha eMtuba naseMkhanyakude jikelele, isiyakuqonda ukubaluleka kokuthi njengoHulumeni kumele size kubantu sikhulume nabo ngama-project alethwa kubona, ukuze bazizwe beyingxenye yezinhlelo zokulethwa kwentuthuko ezindaweni zabo.

Lokhu kuhambisana nokuthi njengoHulumeni sinesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngemisebenzi yentuthuko eqhubekayo endaweni yenu.

Nenqubo yentando yeningi iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.*

Akumele abantu mhlambe baze bangene emgwaqeni bathi bayamasha kanti benziwa ukungazi ngezinhlelo abalethelwa zona.

Siyazi futhi ukuthi ngenxa yezingqinamba uMasipala walapha eMtuba obubhekene nazo, uHulumeni wesiFundazwe ube usungenelela wagcina ngokuhlakaza uMkhandlu ukuze sizokwazi njengoHulumeni ukuthi silungise konke obekungahambi kahle.

Phakathi kwezinto esivumelane ngazo kube ngukuthi yonke iminyango isondele lapha eMtubatuba ilethe izidingo ezingaletheka ukuze kuzothi kusalungiswa isimo sobuholi bukaMasipala, ibe nentuthuko ibonakala eMtubatuba.

Ngakho-ke kumele futhi imiphakathi siyichazele ukuthi njengohulumeni senza ngokusemandleni ukufinyelela kubantu bonke ngokushesha nakuba isifundazwe sethu sisikhulu futhi sinezindawo eziningi ikakhulukazi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo.

Kumele siyichazele imiphakathi yakithi ukuthi nakuba isimo sezimali esingahambi kahle siphoqa ukuba njalo sihlale sibuyekeza ama-project okudinga siwabeke phambili ngezizathu ezahlukene, kodwa lokho akusho ukuthi ekugcineni ngeke sifike komunye nomunye.

Bheka nje ngoba ukwakha umgwaqo wetiyela sekuba phakathi kuka-R10 million no-R12 million ikhilomitha uma kuyindawo eqonde kahle. Angisayiphathi-ke uma kudingeka kuhlakazwe amadwala noma kusikwe amagquma amakhulu noma kwakhiwe nebhuloho kulowo mgwaqo.

Lokhu-ke kungibeka ekutheni kule nkulumo yami ngedlule kulokhu kokuthi njengohulumeni ezigabeni zonke kusuka kuzwelonke isifundazwe nakomasipala, sinikwe umyalelo wokuba sibambe ibhande sigweme ukusebenzisa izimali ezintweni eziningi.

Lokhu kuhambisana nomkhankaso wokuba kongiwe imali njengoba ezweni lonke kanye nasemhlabeni wonke nje sibhekene nengcindezi yokwehla komnotho.

NjengoHulumeni waKwaZulu-Natal sibe sesizibophezela-ke kodwa ukuthi uhlelo lokwehliswa kwezindleko esifundazweni ngeke nakancane luphazamise izinhlelo zokulethwa kwezidingo zengqalasizinda, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya njengalapha.

Zimbalwa-ke izinto esize ngazo lapha namhlanje. Eyokuqala yilena yokwethula ngokomthetho uhlelo lokulungiswa komgwaqo u-P484 osuzofakwa itiyela.

Lo msebenzi uzokuba ngu-23.2 km ubude kanti ibalelwa ku-R350 million imali efakiwe kuwona. Umsebenzi sizowuhlukanisa izigaba ezintathu kanti esokuqala sizosiqala njengoba sekuqale unyaka wezimali ka-2015/16.

Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzosiza umphakathi walapha ukuba ufinyelele kalula emitholampilo iSomkhele neVulani, bese kusizakala nabafundi nothisha bezikole iSiyathuthuka JP School; Uphaphazi Primary School; Ikusasalethu Secondary School; Siyaqala School; Entweni Primary School; Mlalazini Primary School; Thekelisulwazi School; Malanda Primary School neQalangokuhle Schools.

Nkosi yesizwe, njengoHulumeni-ke asikajiki emgomweni wethu wokuthi njengoba siletha lo msebenzi kule ndawo, kumele abantu beNkosi kube yibona ababhekelelwa ngamathuba emisebenzi uma sekwakhiwa.
Futhi siyakugcizelela ukuthi lokho kumele kwenzeke ngaphandle kokubheka ukuthi umuntu ungowaliphi iqembu lepolitiki.

Sihlale siziluleka futhi nezinkampani ezisuke zengamele umsebenzi wokwakha ukuthi uma zike zaphambana nalo mgomo ibhantshi liyogcwala umoya futhi siyikhiphe nasohleni lwezinkampani esiziqashayo njengoHulumeni.

Ngokwezibalo zethu alinganiselwa ku-1200 amathuba emisebenzi okulindeleke ukuba adaleke ngalolu hlelo lomgwaqo selulonke.

Mangikuveze-ke futhi ukuthi lo msebenzi esiwulethe lapha namhlanje uyingxenye yeminye eminingi esiqhubeka nokuyiletha kule District yaseMkhanyakude, u-DC27.

Sikhuluma nje, ibalelwa ku-R223 million imali esiyifake kwingqalasizinda yomgwaqo eMkhanyakude wonke ngalo nyaka wezimali ka-2015/2016.

Ama-project esingawabala nje lapha endaweni yaKwaMpukunyoni kukhona uDubelenkunzi Road ku-Ward 14 lapho sifake u-R7.5 million, uBethangwe Road ku-Ward 7 ozodla u-R4 million noNdonyana Road ku-Ward 3 ongu-R3 million. Lo mgwaqo oya eKhayelisha uzosiza nokufinyelela kalula ku-P237 obheke eSt Lucia nasedolobheni laseMtuba.

Lapha asenzi nje izethembiso kodwa siyazibophezela ngokuzokwenzeka njengoba abantu balapha sebebonile imisebenzi eminye esesiyiphothulile kuhlanganisa nomgwaqo waseSiyembeni odle u-R6 million nebhuloho iLower Nyalazi River Bridge elidle u-R16 million.
Mangisho futhi ukuthi silindele ukuthi ukhule ngesivinini umnotho waseMtuba njengoba i-SANRAL itshale isamba semali engu-R200 million ukunweba umgwaqo u-N2.

Sonke siyazi ukuthi kunzima kakhulu ukuwela usuka kwaMsani uya edolobheni laseMtuba unqamula u-N2. Le mpambano mgwaqo ekhona njengamanje ayinamarobhothi futhi ayikho nemizila yokuphuma nokungena emgwaqeni omkhulu, esithi ama-on ramp nama-off ramp, nosekudale eziningi izingozi ikakhulukazi uma kuntambama noma ekuseni.

Lolu hlelo luzokwakha amaningi amathuba omsebenzi ebese sikhulisa nommnotho wakule ndawo njengoba sekuzoba lula ukufinyela ezindaweni ezakhele lo masipala.

Yikona konke-ke lokhu esithi masikuveze lapha okuthinta intuthuko yengqalasizinda yomgwaqo eMtubatuba.

Okwesibili esikugcizelelayo lapha namhlanje yilokhu kokuthi sesifikile isikhathi sokuba indawo yaseMtuba ngenye yezinokuphepha ebugebengwini lapha KwaZulu-Natal.

Siyazi ukuthi indawo yala eMtuba nayo ayisele ngaphandle kulesi sihlava sobugebengu esikhungethe imiphakathi yakithi ezweni.

Yingakho-ke namhlanje sithe masizoqinisa izinhlaka zokulwa nokuphepha nokulwa nobugebengu emphakathini, ngaphansi kwesakhiwo seKwaZulu-Natal Community Crime Prevention Association (KZN-CCPA).
Lokhu kuhambisana nombono wethu njengoHulumeni wokuthi ukuhlanganisa izinhlaka zomphakathi ukuthi zisebenzisane namaphoyisa yikona okuzosilekelela kakhulu. Masikuveze-ke futhi ukuthi lokhu sekusisebenzele kakhulu kwezinye izindawo.

Ngikhuluma nje, eMatheni kwaNongoma abantu bakhona bahleli ngokuthula ngenxa yezinhlaka zomphakathi ezakusukumela lokhu. I-CCPA yaseHlobane ibambe yabopha amasela ezinkomo kulezinyanga ezedlule.

Okwangichaza lapho ukuthi bavele bazigaxa ozankosi base bebiza amaphoyisa, nokukhombisa ukuthi njengoba sibaqeqesha kusho ukuthi umsebenzi wethu uyabonakala impela.

Nalapha eMtubatuba sesinayo-ke i-CCPA esesiyiqeqeshile futhi ezosebenzisana namaphoyisa ukuqikelela ukuthi bonke lobugebengu obulapha buyaphela nya.

Ngicela ukuthi ngibethule ngokusemthethweni phambi kwenu namhlanje ukuze nizobabona, nibazi bese nisebenzisana nabo kahle. Naba-ke, basebenziseni ngoba sebeyazi ukuthi yini elindeleke kubona manje.

Okunye futhi esikhuluma ngako lapha namhlanje ngukuthi sihalalisela umphakathi waku-Ward 8 endaweni yaseQakwini ngohlelo uHulumeni aselwenzile lokufaka ugesi emizini engaphezulu kuka-600, okuwumsebenzi odle imali engu-R8 million.

Kukhona futhi umndeni waKwaMngomezulu ophethwe yizingane zodwa ezingu-11 ezihlala endlini eyigumbi elilodwa kwa-Ward 6, esithi namhlanje sifisa ukusho ukuthi izinhlelo zokubakhela indlu esesimweni sezimi ngomumo.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, kubalulekile ukuba siqwashisane ngodaba lokuba siziphathe ngendlela enobuntu uma sihlangana nabantu basemazweni ase-Afrika ezindaweni esihlala kuzona.

Isifundazwe sethu singena kwelikhulu ihlazo ngezigameko zokuhlukunyezwa kwabokufika ikakhulukazi ezindaweni zaseThekwini.

Siyagcizelela emiphakathini yakithi ukuthi uHulumeni uyazi ukuthi ziningi kanjani izinselelo ezibhekene nabantu kwezenhlalo nomnotho. Kodwa kuningi futhi okwenziwayo ukulungisa isimo.

Ngakho-ke sithi mayehle imimoya kubantu sidedele ubuholi bulusingathe kahle udaba. Siyazi ukuthi nalapha edolobheni laseMtuba maningi amabhizinisi aqhutshwa ngabantu bokufika.

Sithi udlame nokungabi nozinzo yinto yokugcina engalibazisa isifundazwe sethu kulesikhathi sokwakha nokuthuthukisa umnotho wethu.

Ngalawo mazwi sithi siyabonga futhi ngethuba esilitholile lokuzokhuluma nomphakathi walapha eMtubatuba. Sengathi ningaphepha nasezingozini zomgwaqo siphinde sibonane.

**Ngiyabonga**